IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Eksawudi, ngomhla ka 17. 05. 2015 29/2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela lolusuku, lilotshiwe kuJoh. 12:32, lithi: A**Mina, nxa ngiphakamyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke.**

1. Iculo 134/116

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba uthembisele abafundi bakho uMoya oNgcwele, nokubalungisa ukududuzwa nguye, nokuba ngabafundi bakho. Mawusisize ukwamukela induduzo nobufakazi bukaMowa wakho ukuba nathi sibe ofakazi bakho phakathi kwezizwe zezwe lakithi, sibekezele emsebenzini wakho nasekuhluphekeni ngokukhuthalela nokumela insindiso esiyilungiselwe nguwe ngokufa nokuvuka kwakho ngentokozo nangesibindi esikhulu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Jeremiya 31:31-34;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 3:13-21;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuJohane 7:37-39.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 138/332

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 15:26 - 16:4, lithi: "Nxa esefikile uMduduzi engiyakumthumela kini evela kuBaba, uMoya weqiniso, ophuma kuBaba, nguyena oyakufakaza ngami. Nani niyafakaza, ngokuba beninami kwasekuqaleni. Lokho ngikukhulume kini ukuba ningakhubeki. Bayakunikhipha emasinagogeni, yebo, siyeza isikhathi sokuba lowo onibulalayo uyakuthi ukhonza uNkulunkulu. Lokhu-ke bayakukwenza ngokuba bengamazanga uBaba nami; kepha lokho ngikukhulume kini, ukuze kuthi, nxa kufika lesosikhathi, nikhumbule ukuthi nganitshela khona; anginitshelanga lokho kwasekuqaleni, ngokuba benginani." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, ngesonto elithiwa

Eksawudi eliphakathi komkhosi wokukhumbula ukwenyuka kweNkosi uJesu Kristu nomkhosi wokukhumbula ukuthululwa kukaMoya oNgcwele ngoPhentekoste siyezwa isithembiso zeNkosi yethu uJesu Kristu, nakho akukhulumile phambi kwesikhathi. Sesikhulunyiwe yiNkosi uJesu Kristu ebusuku, mhla emisa isidlo esingcwele, **etshela abafundi bakhe ukuthi**

1. uzothuma uMoya oNgcwele, 2. nokubenza babe ofakazi bakhe.

1. UJesu Kristu wathembisa ukuthululwa kukaMoya oNgcwele, nokuphawula ukuthi uMoya oNgcwele ungubani, nokuthi uyakukwenzani, washo kubafundi bakhe, wathi: ANxa esefikile uMduduzi engiyakumthumela kini evela kuBaba, uMoya weqiniso, ophuma kuBaba, nguyena oyakufakaza ngami.@ Ngalenkulumo kuyabonakala ukuthi iNkosi uJesu Kristu uyasho akukhuluma ngamazwi ayingcosana nje. Ngawo siyezwa ukuthi uMoya oNgcwele uyathunywa yiNdodana kaNkulunkulu, nokuthi uvela kuNkulunkulu uYise. Ngawo lamazwi siyaqiniswa ekukholweni kwekerike lobuKristu ukuthi sinoNkulunkulu uMthathwemunye, uYise neNdodana noMoya oNgcwele, siyaqiniswa ekukholweni kwethu kokuthi ikerike lasendulo linqumile kahle ngokuveza amazwi esivumo saseNikeya esithi: ANgiyakholwa nguMoya oNgcwele , iNkosi noMphilisi, ovela kuYise nakuyo iNdodana.

Futhi ngamazwi ayingcosana evangeli lanamuhla siyezwa ukuthi uMoya oNgcwele uqobo lwesithahu lukaNkulunkulu, unguMoya weqiniso. Nguye impela oholela abangakakholwa eqinisweni lokukholwa, labo abaphendukile ngokukholwa nguJesu Kristu uyabahola eqinisweni ukuba baqinisele kulo. Wenza lomsebenzi ngezwi likaNkulunkulu ngokukhumbuza amakholwa konke uJesu akukhulumile, nokukwenzela abantu. Ngokwenza lokhu uMoya oNgcwele uyazifakazela ngokwempela ukuthi unguMduduzi weqiniso. Uyaduduza abafundi bakaJesu namakholwa akhe ngezwi nangamasakramente ekuhluphekeni kwabo, noma ekuhluphekeni kokuhlushwa isifo, nobuthakathaka emzimbeni, ebumpofini, noma ekuhluphekeni okusihlupha ngenxa yezono zethu. Kukho ekuvumeni icala lezono zethu uMoya oNgcwele uyasiduduza kakhulu ngomsebenzi wakhe ophawulwayo evangelini lanamuhla, wokufakaza ngoJesu. UMoya oNgcwele esesambulele icala lethu phambi kukaNkulunkulu ngokusikhumbuza umthetho wemiyalelo kaNkulunkulu, uyasiduduza ngokusambulela iqiniso levangeli ukuthi uJesu Kristu wasifela esiphambaneni ngenxa yezono zethu, futhi uvukile ekufeni ukuba sibalelwe ukulunga kwakhe, singalahlwa, kodwa samukelwe nguNkulunkulu ngokukholwa nguJesu Kristu ukuthi uyiNkosi esithandayo noMsindisi wethu.

2. Ngamazwi ayingcosana evangeli lanamuhla uJesu uyasitshela ukuthi uyabenza abafundi

bakhe ukuba ofakazi bakhe, washo kubafundi bakhe, wathi: ANani niyafakaza, ngokuba beninami kwasekuqaleni. Abafundi bakaJesu babekwenza njengokusho kokubizwa kwabo, labo ababehamba noJesu kwasekuqaleni eGalile, nokumphelekezela ukuya eJerusalema, noPawulu ombonile uJesu evukile emuva, bafakazile ngesibindi, ngenkululeko nentokozo enkulu ukuthi uJesu uze emhlabeni, wafundisa, wasiza abantu ekuhluphekeni kwabo, wavusa abafileyo, wahlushwa, wabethelwa, wafela esiphambanweni, nokuvuka ngosuku lwesithathu ukuba abakholwa nguye bangabhubhi, kodwa babe nokuphila okuphakade. Phambi komphakathi omkhulu wabaJuda babefakaza ukuthi abantu banensindiso nokuphila okuphakade ngokukholwa nguJesu Kristu. Babeqinisa iqiniso lelo ngokugcizelela ukuthi ngaphandle kukaJesu Kristu umuntu akanansindiso nentethelelo yezono, akanakuphila okuphakade ngaphandle kukaJesu. Babefakaza ukuthi bonke abaprofethi beTestamente elidala babefakaza ngoJesu ukuthi lowo nalowo okholwa nguye uyathethelelwa izono egameni lakhe.

Kuyamangalisa ukuzwa ukuthi izikhulu zazingathandi ukuzwa lobubufakazi. Zathukuthelela ofakazi bakaJesu, zawahlupha, zawazingela amakholwa akhe. Kwenzekile uJesu akukhulumile evangelini lanamuhla, mhla esho kubafundi bakhe wathi: ABayakunikhipha emasinagogeni, yebo, siyeza isikhathi sokuba lowo onibulalayo uyakuthi ukhonza uNkulunkulu.@ Kwenzekile kanjalo ngabafundi nabaphostoli beNkosi ekuqaleni sekuthululwe uMoya oNgcwele eJerusalema, emva kweminyakana mhla amakhosi amakhulu aseRoma ebambile amakholwa, nokubabulala ngokubabethela, ngokubalahlela kuwo amabhubesi, nangokubashisa eRoma, nangesikhathi sokucandulwa kwekerike, mhla ofakazi beqiniso levangeli elisindisayo nentethelelo yezono ngokukholwa nguKristu bahlushwa, nokukhishwa ezikhundleni, nasemazweni ngamakhosi nawobhishobhi bekerike lamaRoma. Kusenjalo nasesikhathini sempilo yethu, emazweni ezidlova, nabacindezeli, nabazingeli lapho abantu abangamaKristu behlushwa, nokukhishwa emakhaya awo, nokufakwa ematilongweni, nokubulawa ngenxa yokukholwa kwabo. Ngekhulu lweminyaka elidlule kwabulewe amakholwa amaningi kunawo abulewe ngenxa yokukholwa ngamakhulu eminyaka angaphambili kanyekanye. Kwaziwe ukuthi naphakathi kwabakwaZulu nabeTswana kwenzekile ukuba abantu ababengamaKristu bahlushwe, nokubulawa yizikhulu, mhla bephendukele ekukholweni kobuKristu, bengezwa izikhulu ezafuna ukuba bahlukane nabafundisi, nabafundisi babexoshwa yizinduna noma inkosi enkulu isivumile ukuba bakhe imishene endaweni yakuzo. Namuhla siyafunda emaphepheni, nangokuzwa emsakazweni, noma sibona ngeTV ukuthi abantu abangamaKristu babulawa,

bahlushwa kabi emazweni akubo ngenxa yokukholwa nguKristu, baze ba balekele emazweni athembisayo ukuthi kubo kukhona inkululeko ethiwa inkululeko yenkolo ngokwethemba ukuthi bayakwamukelwa khona. Kuyakhulunywa okuningi nangalabo abazibophayo ukubulala abakholwa nguJesu Kristu, nokumfakazela ngokuzama ukuphendula abenkolo enye ukuba bamukele inkolo yobuKristu, noma ngokusakaza amaBhayibheli kuphela. Sekwenzekile ngomphostoli uPawulu nalawamadoda ayezibopha ukumbulala ngokungadli bengakambulali, izE. 23:10-15. Namuhla kusenzeka emazweni amaMuslimi. Akulandwa ngalokhu ukuba kukhunjulwe okubi kwezidlova nabacindezeli bamakholwa, kodwa ukuba sivuselelwe ukuba sikhulekele izitha lezi zenkolo, njengalokhu uJesu ekhulekele ababulali bakhe ngokuthi: Baba, bathethelele, ngokuba abazi abakwenzayo;@ sivuselelwe ukukhulekela izikhulu emazweni ukuba zingavimbi umsebenzi omkhulu weNkosi noMsindisi wabantu bonke, sikhulekele nabo phakathi kwethu abangathandi ukuba umsebenzi wenziwe, njengalokhu uJesu ethanda ukuba wenziwe kanjalo, abavimbayo, nokudelela umsebenzi wokufakazela esikwenzelwe nguKristu, abazama ukufaka imimoya eminye.

Izwi leNkosi liyezwakala. INkosi uKristu iyadumisa uMoya oNgcwele ofakazayo ngoJesu uMsindisi wabantu bonke bezizwe zonke bezikhathi zonke. INkosi uJesu Kristu iyathanda ukuba amakholwa ayo afakaze akufundisiwe, nokwenzelwa yiyo. Ayibathembisi inhlanhla enkulu emnandi kulomhlaba, iyabalungisa ngezwi layo ukuba benze umsebenzi wayo, noma behlushwa, noma becindezelwa phansi ngenxa yalomsebenzi. Iyasithembisa uMoya oNgcwele obabela ikhono nenduduzo ukwenza umsebenzi wayo ngokusho kwezwi likaKristu ngesibindi nangokuthokoza. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu ophakade, Baba womusa, osithembisele ukusabela uMoya wakho oNgcwele, nokungenisa umthetho wakho omusha ezinhliziyweni zethu, siyacela kuwe ngobubele bakho obukhulu ukuba usicebise thina abantwana bakho esinosizi ngoMoya wakho womusa, usiduduze, usilondoloze ukuba sihlale njalo ezwini lakho ngentokozo enkulu, sibe ofakazi beNdodana yakho ethandekayo ngesibindi nangentokozo enkulu, singafihli insindiso ekuKristu, siyidlulisele kubo abakakholwa nguye, sikukhonze ngokubekezela, sizithobe phambi kwakho, sikhuleke kuwe njalo, siyacela sithi mawusisize ukuba singakhohlwa emikhulekweni yethu ukuthi ukuvuna kwakho kukhulu izisebenzi ziyingcosana, sicele ukuba uthume izisebenzi ekuvuneni kwakho, uzilungisele umsebenzi ngokuzifundisa kahle imiBhalo yakhe nezivumo zekerike lakho, ufundise lezizebenzi zonke kanye namakholwa onke ukuba bonke

bazikhulekele, futhi bakhulekele bonke abangakholwa, kakhulu abangakabhapathizwa phakathi kwabezizwe, naphakathi kwabaJuda namaSulumane ukuba baphendukele kuKristu, abangakaphakathizwa bazicelele ukubhapathizwa. Konke lokhu siyakucela ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 131/113

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009, yandiswa ngo-2015 ngu-E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.